



Cambridge International Examinations
Cambridge International General Certificate of Secondary Education

CANDIDATE
NAME

CENTRE
NUMBER

--	--	--	--	--

CANDIDATE
NUMBER

--	--	--	--



ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

0531/02

Paper 2 Listening

October/November 2018

Approx. 35–45 minutes

Candidates answer on the Question Paper.

No Additional Materials are required.

READ THESE INSTRUCTIONS FIRST

Write your Centre number, candidate number and name in the spaces at the top of this page.

Write in dark blue or black pen.

Do not use staples, paper clips, glue or correction fluid.

DO **NOT** WRITE IN ANY BARCODES.

Answer **all** questions.

The number of marks is given in brackets [] at the end of each question or part question.

This document consists of **8** printed pages.

Umsebenzi 1

Lalela inkulumo eyethulwa ngumsiki wengqephu uNkosikazi Mbhele ayethula emhlanganweni wabasebenzi.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi **siliqiniso** noma **akusilo**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

		Iqiniso	Akusilo	
1	UProfessor Dawood uthi imfundo nesipiliyoni kunomthelela ekuhlonishweni komuntu ogqoka kahle emsebenzini.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>	[1]
2	Ngokwencwadi kaProfessor, ukugqoka kahle akuwenzi umehluko endleleni umuntu abukwa ngayo emsebenzini.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>	[1]
3	Zonke izinkampani zinemithetho yokugqoka.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>	[1]
4	Ngumuntu ogqoke isudi nothayi kuphela ongahlonishwa futhi amukeleke kahle emsebenzini.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>	[1]
5	Okokuhloba kuyasiza ekugqamiseni impahla yokugqoka enombala ozothile uma kufakwe kahle.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>	[1]
6	Ukuziphaqula nokufaka amakha kwamukeleke kuphela uma kwenziwa ngumuntu wesifazane.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>	[1]

[Amamaki: 6]

PHENYA IKHASI UKWENZA UMSEBENZI 2

Umsebenzi 2

Lalela ingxoxo noThomas Prinsloo ongumnikazi wenkampani i-Mediright Pharmacy eseMhlanga Rocks eThekwini.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, uA, B, C noma uD.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

7 NgokukaThomas

- | | | |
|----------|--------------------------|--|
| A | <input type="checkbox"/> | Ukuvula isitolo sokukhangisa ngamathalente ngokunweba ikhemisi kuzolekelela ikhemisi ekungeniseni inzuzo eningi. |
| B | <input type="checkbox"/> | Isitolo sokukhangisa ngamathalente sizolekelela ikhemisi ukuba lidayise impahla yalo ngenzuzo ephezulu ngokushesha. |
| C | <input type="checkbox"/> | Isitolo sokukhangisa ngamathalente nekhemisi sizongenisa inzuzo ngesikhathi esifanayo sikhombisa ngempahla yamakhono kubantu. |
| D | <input type="checkbox"/> | Ikhemisi nesitolo sokukhangisa kokubili kusebenza ngokuhlukana kulekelelana kuphela uma esinye sihlulekile ukudayisa impahla yaso. [1] |

8 UThomas uthi indawo abakuyo

- | | | |
|----------|--------------------------|--|
| A | <input type="checkbox"/> | Ihambisana kahle nebhizinisi labo ngoba iyindawo edonsa izivakashi nabantu abahamba ngezinyawo. |
| B | <input type="checkbox"/> | Ilungele ibhizinisi labo ngoba bayakwazi ukuvula kuze kube sebusuku ngehora lesi-8. |
| C | <input type="checkbox"/> | Ilungele ibhizinisi labo ngoba bakwazile ukunweba isitolo ngobubanzi amametre square angama-40 phakathi ekhemisi labo. |
| D | <input type="checkbox"/> | Bakwazi ukuvula izinsuku ezingama-365 ngaphandle kokuphazanyiswa muntu emsebenzini wabo. [1] |

9 NgokukaThomas okubalulekile ngesitolo iCatalyst ngokuthi

- | | | |
|----------|--------------------------|---|
| A | <input type="checkbox"/> | Sithengisa izimpahla ezithandwa ngabantu abafika kule ndawo ngokuvakasha kuphela. |
| B | <input type="checkbox"/> | Sidayisa izimpahla ezithandwa ngabantu abahlala endaweni nalabo abafike ngokuzovakasha ngokulinganayo. |
| C | <input type="checkbox"/> | Sikwazi ukuheha abantu abeze ekhemisi bagcine sebebuka izipho ezinhle ezidayiswa kulesi sitolo bazihambele. |
| D | <input type="checkbox"/> | Sisendaweni ethandwa kakhulu yizivakashi ngenxa yezitolo ezingomakhelwane ezidumile. [1] |

10 UThomas uthi

- | | | | |
|----------|--|---|-----|
| A | | Bakhokha irenti encane kakhulu ngesitolo sabo. | |
| B | | Bakhokha irenti enkulu kodwa bayakwazi ukuyimela. | |
| C | | Abayikhokhi irenti bona ngoba kade bafika kule ndawo. | |
| D | | Abayikhokhi irenti ngoba isitolo sakhiwe endaweni yabo. | [1] |

11 Yiziphi izindlela zokudayisa ngobuchwepheshe be-online abazisebenzisayo?

- | | | | |
|----------|--|---|-----|
| A | | Badayisa izimpahla ku-online besebenzisa i-website yabo. | |
| B | | Banekhasi labo le-Facebook lokukhangisa. | |
| C | | Abanayo i-website yabo abadayisa kuyo online. | |
| D | | Ungathenga izimpahla zabo usebenzisa ikhasi le-Facebook labo. | [1] |

[Amamaki:5]

Umsebenzi 3

Lalela ingxoxo yomsakazi noThemba Dlamini ongumsubathi waseNingizimu Afrika emayelana nokuphumelela kwakhe kuma-Olympics.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

Umbuzo 12

Izindlela u-Themba azigcina ngazo ukuthi angaxhamazeli:

- ubukela amamuvi noma adlale ama-games angama-series [1]
- [1]
- Ubuye adlale ama-video games

Izinto ezimlekelele ukuba aphumelele:

- ubunye nokubambana kwabomndeni wakhe
- uxhaso aluthola kubangani bakhe
- [1]

Iziphi izimpahla azithanda kakhulu zabaxhasi bakhe:

- [1]
- I-sweater range entsha yabo

Okubili okuzuzwa nguThemba ngokugqoka amateki enkampani emxhasile:

- uyawathanda kakhulu ngoba amnika umdlandla futhi antofontofo
- [1]

Izinto ezimbili ezadelwa nguThemba ngenxa yokuba ngumsubathi:

- [1]
- [1]

Okujabulisa uThemba ngempumelelo yakhe:

- [1]
- ukwaze ukukhuthaza izigidi zabantu ngezemidlalo

Umyalezo kaThemba:

- [1]

Umsebenzi 4

Lalela ingxoxo ephakathi kukaNkosikazi Sibongile Gumede oyiChef and food stylist bexoxa nombhali wencwadi esihloko sithi, 'kwehla esiphundu!' bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

13 USibongile uthi angathanda ukuvakasha kangaki ngonyaka?

.....
 [1]

14 Ukuba nomngani ohlala eNorway, kwamsiza kanjani uSibongile?

.....
 [1]

15 Yikuphi okubalulekile kakhulu kuSibongile mayelana nehhotela azolala kulo?

.....
 [1]

16 Ucabanga ukuthi kungani uSibongile aluthokozela kakhulu uhambo lwase-Thailand?

.....
 [1]

17 Yikuphi uSibongile akuncomayo ngongakwenza uma uvakashele e-Paris?

.....
 [1]

18 Kungani uSibongile engabakhuthazi abavakashi ukuba bagibele i-Eiffel Tower?

Bhala izizathu **ezimbili**.

.....

 [2]

19 Bhala isizathu esenza ukuba incwadi ayiphiwe kube ngekhethekile?

.....
.....[1]

20 Kusiza ngani ukuphatha imithi ebalulekile uma uthatha uhambo?

.....
.....[1]

21 USibongile ungumuntu othanda ukudla. Uyavuma noma uyaphika?

Sekela lo mbono ngalokho akushoyo ngeParis.

.....
.....
.....[2]

[Amamaki: 11]

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge International Examinations Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at www.cie.org.uk after the live examination series.

Cambridge International Examinations is part of the Cambridge Assessment Group. Cambridge Assessment is the brand name of University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which is itself a department of the University of Cambridge.